**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.

- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.

- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.

- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.

- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.

- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

## ISIQESHANA A

1.1 Wameluleka ngokuthi ake ayicabange nale nto ayitshelwa ngunina yokuthi aye kubathandazi.√ (1)

1.2 UNonkamfela wakwaMbeje.√/uNonkamfela.√/uMbeje√ (1)

1.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayekhathazwa ukuthi hleze lesi sifo simqinise uSandanezwe.√/
- Wayekhathazwa ukuthi amaphupho akhe okugona abazukulu angase angabe esafezeka ngoba uSandanezwe nguye yedwa umfana anaye.√/
- Kuyisifiso sakhe ukuthi ambone esenomuzi othi yena.√ (2)

1.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Simveza njengomuntu othembekile/oneqiniso/oqotho√ ngoba umeluleka ngento naye ayenzayo njengoba elokhu emlindile uKhumbulani okade wahamba.√/
- Umuntu onothando lomngani wakhe√ ngoba utshela uNokulindela ukuthi akalinde uSandanezwe noma egula.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UZabalaza wayemnyundela kuNokulindela ethi uyagula.√√/
- Wamedelela ngoba nakhu wayehamba nezinsizwa zangakubo. √√ (2)

1.6 B√/Uyagula. √ (1)

1.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Uqonde ukuthi umuntu uma exakekile noma egula kakhulu wenza noma yini acabanga ukuthi izomsiza.√√/
- Umuntu uma egula uzama ukuthola usizo kuzo zonke izindawo nalapho kungalindeleke lusizo khona.√√/
- Usizo uluthola nasezindaweni ebezingacatshangwa ukuthi zingakusiza.√√ (2)

1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umlandi akathathanga isimo somuntu wokuqala kule noveli.√√/
- Akasebenzisanga esinye sezivumelwano zomuntu wokuqala okungu(ngi-/si-) ezilandisweni zemisho noma izabizwana ezithi mina/ thina.√√/
- Inoveli ayikhulumi ngezigameko ezithinta umlandi/ umxoxi kepha usilandisa indaba ephathelene nabanye abalingiswa. √√/
- Ungusazikonke kokwenzeka endabeni, usilandisa ngokwenzeka ezindaweni ezahlukene njengaseThekwini, eMpangeni, KwaCeza njalonjalo. √√/
- Usilandisa indaba ngohlangothi lomuntu wesithathu. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.9 Wayefuna ukumcela ukuthi amsize ngokusika isicubu sesitho somuntu wesifazane ngoba wayesebenza lapho okugcinwa khona izidumbu. √√ (2)

1.10 Ubukhona bukaZabalaza buyayikhulisa indaba ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UZabalaza wayeyisesheli esikhulu sikaNokulindela.√/
- Wayenyundela uSandanezwe entombini.√/
- Wadelela uSandanezwe ehamba nezinsizwa zangakubo.√/
- Bahlangana ngelinye ilanga uZabalaza noSandanezwe base beyaxabana.√/
- Ngelanga abalwa ngalo, wehlulwa uZabalaza.√/
- Emva kokuhlulwa kukaZabalaza, wabona ukuthi kufanele aziphindisele ngokufaka umuthi wentando kuNokulindela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.11 Indikimba ithi ingculazi√/ukukholelwa emithini yesintu/ezinyangeni ngoba:√/
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- USandanezwe uphethwe isifo esingelapheki okusolakala sengathi ingculazi.√
- USandanezwe waphuma esibhedlela waya ezinyangeni, waya nakumthandazi kodwa wangaluthola usizo.√/ (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

1.12 Iphuzu ELILODWA kwalandalyo:

- USandanezwe wazikhokha zonke izimfanelo zikaNonkamfela ngokwelapha/ ngokuhlenga uNokulindela. √√/
- USandanezwe nomzala wakhe uZondiwe yibo abayisa uNokulindela enyangeni uNonkamfela.√√ (2)

1.13 UJiyane nguyena inyanga eyanikeza uZabalaza umuthi wokuthakatha uNokulindela.√√ (2)

1.14 1.14.1 B√/Udadewabo kaSandanezwe.√
1.14.2 D√/OwakwaMchunu.√
1.14.3 A√/Umthandazi.√
1.14.4 C√/Isesheli sikaNokulindela.√ (4)

1.15 Ngiyavumelana. Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu bakule ndawo basakholelwa ezinyangeni njengoba uSandanezwe eqa esibhedlela ukuze ayolashwa yinyanga edumile.√/
- Izinsizwa zazeshela izintombi emfuleni, zibuye ziqonywe ngendlela yakudala.√/
- Amanzi ayekhiwa emfuleni.√/
- Izinsizwa zisalwa ngezinduku uma zixabene.√/
- Kukhona amakhosi abusa isizwe.√/
- Kukhona namacala athethelwa esigcawini.√/
- Kukhona amaqhikiza ezintombi njengoNomgedla.√/
- Bahlawuliswa ngezinkomo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UNonkamfela wayengaphumeli obala asho ukuthi isifo esasiphethe uSandanezwe siyamehlula.√/
- Wayeqhubeka ethatha imali noma usizo lungabonakali.√/
- Wathi kuSandanezwe akayokwenza umsebenzi wabantu abadala ngenhloso yokumxosha.√/
- Wathi udinga izicubu zomuntu ukwelapha isifo sikaSandanezwe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo: Ngangiyomeluleka ngokuthi ...

- Akamukele ukuthi intombi ayimthandi. √√/
- Akangasebenzisi umuthi ukuzama ukuthi intombi imthande. √√/
- Akaqaphele angesheli intombi enesoka eligulayo ngoba ayaziwa impilo abaphilisana yona. √√/
- Akaxolise inhliziyo ngoba uzoba yihlaya kwezinye izinsizwa ukuthi wehlulwa yintombi. √√/
- Akaqaphele kuzomfaka engozini njengoba agcina eseshaywa nguSandanezwe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
**[35]**

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 Wawasiza ngokuwalobolela.√ (1)

2.2 NgoKhisimuzi√/ngoDisemba√/ ngoZibandlela√ (1)

2.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba wayefuyile.√/
- UMaNdlovu wayetshalile futhi elima.√/
- UManyoba wayeyithumela imali ekhaya yokondla umndeni.√/
- UMaNdlovu wayedayisa izidwaba emholweni.√/
- Wayeyisihlahla esithela izithelo ezimnandi ngaso sonke isikhathi esasebenza.√ (2)

2.4 Simveza njengomuntu oneqiniso√/ongenawo umona√ ngoba umeluleka ngokuthi awuthathe lo msebenzi yize uManyoba wayesezoba sesikhundleni esingcono kunesakhe.√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Abantu balapho kubhaliswa khona impesheni kwaMavundla babengenaso isineke sabantu abadala nabahluphekayo.√√/
- Kwakufanele lowo ofuna ukusheshiselwa impesheni yakhe agwaze ukuze izinto zimlungele.√√/
- UManyoba wayengenayo imali yokukhokhela/ yokugwazela lezi zisebenzi zikahulumeni.√√ (2)

2.6 C√/Kwaqala indlala.√ (1)

2.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ibandla lalithanda ukuphuza kwakhe, limhlonipha, limthanda ngoba wayenamancoko nezeluleko ezakhayo.√√/
- Kusho ukuthi wayecishe abe nakho konke akudingayo, kudliwa ekhaya kufudumele.√√/
- Izingane zakhe zaziphumelela empilweni. √√ (2)

2.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umlandi akathathanga isimo somuntu wokuqala kule noveli.
- Akasebenzisanga esinye sezivumelwano zomuntu wokuqala okungu(ngi-/si-) ezilandisweni zemisho noma izabizwana ezithi mina/ thina.
- Inoveli ayikhulumi ngezigameko ezithinta umlandi/ umxoxi kepha usilandisa indaba ephathelene nabanye abalingiswa. √√/
- Ungusazikonke kokwenzeka endabeni usilandisa ngokwenzeka ezindaweni ezahlukene njengaseMsinga, eMdlovane, eGoli, eMnambithi njalonjalo. √√/
- Usilandisa indaba ngohlangothi lomuntu wesithathu. √√

Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi. (2)

2.9 OKUKODWA kwalokhu:

- Wayefuna ukubazisa ukuthi njengoba esethathe umhlalaphansi wayengeke esaba nemali eyanele yokuzondla nomkakhe.√√/
- Wayefuna ukuthi amadodana akhe aqhamuke necebo lokuthi azobondla kanjani.√√ (2)

2.10 Ubukhona bukaMaNdlovu buyayikhulisa indaba ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UMaNdlovu nguyena ntombi eyayithandwa uManyoba kakhulu endaweni yangakubo okwenza ukuba aze ayosebenza ukuze amlobole.√/
- UMaNdlovu wavuma ukushada noManyoba ngakho-ke zafezeka izifiso zikaManyoba zokwakha umndeni.√/
- UMaNdlovu nguyena owayegade umuzi kanye nezingane ngesikhathi uManyoba eseGoli.√/
- UMaNdlovu akazange amshiye uManyoba ngesikhathi esasinzima empilweni yakhe.√/
- Udweshu phakathi kukaMaNdlovu noMaNene, inkosikazi kaFanyana kuyayikhulisa indaba. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

2.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- **Ukungalilahli ithemba.**√ Le noveli ikhuluma ngokungalilahli ithemba nanxa izimo zinzima njengoba kwenza uManyoba emveni kokuyeka umsebenzi.√/
- **Ukubekezela.**√ Ukubekezela kukaManyoba nanxa ebhekene nezinhlupheko ezinhlobonhlobo kusenza sibone ukuthi umuntu angakwazi ukunqoba nanxa kunzima. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

2.12 Wayebonga ngoba wayethole inhlanhla yokuwina ilotho.√√ (2)

2.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo

- Babona sengathi kuzoba ukudlala ngesikhathi nemali ngoba yayizothola umendo bese yondliwa umkhwenyana wayo.√√/
- Ngaleso sikhathi ezindaweni zasemakhaya abazali abaningi babekholelwa ukuthi asikho isidingo sokufundisa intombazane ngoba vele izothola umendo bese iba wusizo lapho iganele khona.√√ (2)

2.14
2.14.1 D√/Wafundela ukuba nguthisha.√
2.14.2 C√/Wafundela ukuba ngummeli.√
2.14.3 A√/Wayecwaninga amabhuku.√
2.14.4 B√/Wayeshayela izimoto ezinkulu.√ (4)

2.15 Ngiyavumelana nokuthi le ndaba yenzeka ezindaweni ezehlukene ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isizinda sendawo kule ndaba siyagcogcoma ngoba naye uManyoba wahlala ezindaweni eziningi eMsinga naseGoli. √/
- Le noveli iqala emakhaya eMsinga lapho umlingiswa omkhulu ezalelwe khona.√/
- Inhlalo yasepulazini iyamphoqa ukuthi aye eGoli. √/
- Washintsha indawo esehlukaniswe nomkakhe wagcina ehlala nendodana yakhe uMjwayeli, eThekwini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Umbhali uphumelele ukusivezela ukuthi izingane zibahlukemeza kanjani abazali bazo ngenxa yalokhu:

- Isinqumo samadodana kaManyoba sokumhlalisa ngokwehlukana nomkakhe sabahlukumeza abazali bawo.√/
- UMaNdlovu akaphathekanga kahle ngesikhathi ehlala emzini wendodana yakhe uFanyana.√/
- Umakoti kaFanyana wamtshela ukuthi angathandazi emzini wabo, uma efuna ukwenza intando yakhe akaphindele eMdlovane.√/
- UMaNene wayemncisha nokudla umamezala wakhe futhi engamvumeli ukuthi athinte isitofu kanye nomshini wokuwasha.√/
- UMaNdlovu wayengavunyelwe futhi ukuthi axoxe nomzukulu wakhe uThembalihle ngoba kwakuthiwa nguye owona ingane.√/
- UManyoba wayeke alale engadlile ngesikhathi ehleli kwandodana yakhe uMjwayeli.√/
- Unkosikazi kaMjwayeli wayengamwasheli futhi engamu-ayineli. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

2.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngangizomeluleka ngokuthi:

- Osekwenzekile kufana nokwakudaliwe ngakho-ke akakwedlulise, awaxolele ngokuphelele amadodana akhe.√/
- Angabahluleli ngoba ukwahlulela okukaNkulunkulu kuphela.
- Yena kumele aqhubeke abaphe uthando.√/
- Angaphindiseli okubi ngokubi, akabafundise isifundo ngokubakhombisa ukuthi uthando lweqiniso luyinto enjani. √/
- Awukwazi ukuzihlukanisa negazi lakho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
**[35]**

## UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

## ISIQESHANA E

3.1 Wayezocela uxolo kuBhekani.√/Wayezoxolisa.√ (1)

3.2 Wayemphathele izimpahla.√ (1)

3.3 OKUKODWA kokulandelayo:

- Wasondela kuLindiwe bahlala bancikana.√√/
- Bagaxana.√√/
- Ukumbiza ngegama elithi mntakwethu. √√ (2)

3.4 Simveza njengomuntu ongalithandi ihlazo √/owuthandayo umndeni wakhe.√ ngoba umeluleka ngokuthi akaqinisekise ukuthi unolwazi oluphelele ngoTholakele bengakashadi ukuze angazitheli ngehlazo ngosuku lomshado.√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.5 Wayefuna ukuyotshela uTholakele ukuthi angabe esamvakashela ngalolo suku.√√ (2)

3.6 C/Ukungayi kuTholakele.√ (1)

3.7 OKUKODWA kokulandelayo:

- Waqunga isibindi wabhekana noLindiwe.√√/
- Wakhuluma noLindiwe nakuba wayenovalo.√√/
- Waziqinisa wakhuluma noLindiwe.√√ (2)

3.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umlandi akathathanga isimo somuntu wokuqala kule noveli.√√/
- Akasebenzisanga esinye sezivumelwano zomuntu wokuqala okungu(ngi-/si-) ezilandisweni zemisho noma izabizwana ezithi mina/ thina.√√/
- Inoveli ayikhulumi ngezigameko ezithinta umlandi/ umxoxi kepha usilandisa indaba ephathelene nabanye abalingiswa. √√/
- Ungusazikonke kokwenzeka endabeni usilandisa ngokwenzeka ezindaweni ezahlukene njengaseNyawushane, esikoleni, esibhedlela, endlini kaTholakele, ekhaya kubo kaBhekani njalonjalo. √√/
- Usilandisa indaba ngohlangothi lomuntu wesithathu. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

3.9 Wayefuna ukuyobheka uTholakele owayehambe emzini ebalekela yena ngoba engafuni ukuba amngene.√√ (2)

3.10 Ubukhona bukaZenze buyayikhulisa indaba ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UZenze wayedudene noTholakele ayeqashe kwakhe ukwenza ubugebengu obunhlobonhlobo. √/
- UBhekani wayengabuqondi ubungani phakathi kukaZenze noTholakele ngakho-ke udweshu lwangaphakathi olwalukuye lwaluyikhulisa indaba.√/
- UZenze nguyena owaqola uBhekani imali yelobolo.
- UTholakele waboleka imali eyizinkulungwane ezintathu kuBhekani ngoba ethi ufuna ukukhipha uZenze ejele.
- Kwafika amaphoyisa acaphuna umakoti amfaka evenini eyayinoZenze noPamella.√/
- Ukubonakala kukaZenze ehamba noTholakele ngosuku uBhekani ayemlindele ngalo okokuqala akumdikibalisanga ekuthini aqhubeke nokumeshela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

3.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo :
- **Uthando**√ UBhekani wenza amaphutha amaningi ngoba wayemthanda kakhulu uTholakele. √/
- **Ubugebengu**√ UTholakele, uPamela noZenze babephila ngobugebengu bokudayisa izidakamizwa kanye nemali yomgunyathi. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

3.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Abantu babevele baxolise bathi ngeke baphumelele ukuza emshadweni uma bezwa ukuthi uBhekani uzoshada noTholakele.√/
- Kwakunzima ukuthola umfundisi ozobashadisa. √/
- Umfundisi wayefuna abazali bakaTholi.√/
- Umalume wayengakwemukeli ukuganwa kukaBhekani nguTholakele.√
- UTholakele wagula walaliswa esibhedlela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.13 Wathi wayengakaze ambone uTholakele esontweni.√√ (2)

3.14 3.14.1 C√/Ungumngani kaTholakele.√
3.14.2 D√/Udayisa izibhamu zokuzakhela.√
3.14.3 B√/Unguthisha.√
3.14.4. A√/Avakashela uTholakele esibhedlela.√ (4)

3.15 Izimpendulo ziyokwehluka:
**Ngiyavumelana** ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izithuthi zomphakathi zitholakala kalula.√/
- Abantu bakule ndawo kubonakala sengathi abazinaki izindaba zabanye abantu ngakho-ke kuba lula ukuthi uTholakele aqhube umshikashika wakhe wokudayisa izidakamizwa.√/
- Kule mijondolo yaseNyawushane baningi abantu abadla izidakamizwa lokhu kwenza ukuthi ibhizinisi lezidakamizwa likaTholi libe yimpumelelo.√/
- Ngakolunye uhlangothi uTholakele uqoma uBhekani esazilile ngoba azi kahle ukuthi abantu bakule ndawo abanandaba nehlazo eliphathelene nesiko.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Angivumelani** ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imijondolo iyatholakala nasezindaweni zasemakhaya okungenzeka ukuthi eNyawushane lapho kwakuhlala khona uTholakele kwakusemakhaya.√/
- Izithuthi zomphakathi seziyatholakala kalula ezindaweni zasemakhaya njengamatekisi nezinye.√/
- Abantu basemakhaya sebenalo kakhulu ulwazi lwezidakamizwa njengoba sezithe chithi saka.√/
- UTholakele uqoma uBhekani ezilile, lokhu kuyabaxaka abantu abafundisa noBhekani, unina noSifiso ngoba emakhaya iyahlonishwa kakhulu inkosikazi ezilile ngokwesiko.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Umbhali uphumelele ukusivezela ukuthi uBhekani wayehluleka ukulawula imizwa yakhe ngoba:

- Ngesikhathi uBhekani ehlangana okokuqala noTholakele into eyaheha uBhekani ubuhle kanye nesakhiwo sale ntokazi.√/
- Ngesikhathi kuvela ithanga likaTholakele umqondo kaBhekani wavele wasakha wasiqeda isingezansi sale ntokazi. √/
- Emva kokubona umzimba kaTholi kuthiwa wavele wathatheka.√/
- Ngesikhathi uBhekani evakashele uTholi ngosuku lwesibili babambana ngezandla uBhekani waze wazizwa efudumala kancane.√/
- Bathi uma bebonana ngosuku lwesithathu uBhekani wathinta uTholi amabele.√/
- Akuphelanga sikhathi esingakanani besanda kuqala ukuthandana base belala ndawonye.√/
- Wayethandana noLindiwe kanye noTholakele ngesikhathi esisodwa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

3.17 Imibono iyokwehluka: Amaphuzu AMABILI ngohlangothi olukhethiwe.
**Ngangiyovuma ukumshadisa ngoba**:
- Ngihlonipha uBhekani.√/
- Umama kaBhekani uyasonta.√/
- Akuwona umsebenzi wami njengomfundisi ukwahlulela abantu abayizoni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Ngangingeke ngivume ngoba:**
- UTholakele akaziphethe kahle endaweni ngokudayisa izidakamizwa.√/
- Ngangiyozwelana noLindiwe ngokwazi ukuthandana kwakhe noBhekani.√/
- Ngangizobe ngingenalwazi ngabazali bakhe. √
- UTholakele wayengelona ilungu eligcwele lebandla.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4 : *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

## ISIQESHANA G

4.1 Ibekwa ngoba ihlakaniphile √/ingumnumzane onemfuyo.√ (1)

4.2 Uhlelo lokuletha intuthuko endaweni.√ (1)

4.3 Inkosi uShandu ayifunanga ukusheshe imchithe uDuma ngoba lokho kwakungasho ukuthi iphikisana nenqubo kaHulumeni.√ (1)

4.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Wayehamba nalo ememezela emphakathini ukuthi kuzoba nomhlangano. √/
- Wayesiza uDuma ngokuthi amxhumanise nomfana ozombhalela izaziso ngomshini. √/
- Wayenamathisela izaziso zomhlangano ukuze azise umphakathi ngokuzokwenzeka. √/
- Wayemsiza ukubamba umhlangano womphakathi esikoleni. √/
- Wayemgqugquzela ukuba asazi isikhundla sakhe esisha ukuthi asidingi ukuba athathisele enkosini ngoba yena ukhethwe abantu.√ (3)

4.5 A√/sengozini√ (1)

4.6 OKUKODWA kwalokhu:
Isizathu esaholela ekuguleni kwenkosi uShandu kwaba:
- Ukushona kukaDlamini induna yakhe. √√/
- Ukushiswa komuzi kaDlamini nomndeni wakhe. √√ (2)

4.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Waphoqeka ukuthi axoxisane nenkosi uShandu ukuze balethe uxolo endaweni. √√/
- Wazehlisa, walalela izeluleko kanye nemibono kaMaShezi. √√/
- Walibona iphutha lakhe wabe esexolisa. √√/
- Kwamnikeza ithuba elihle lokukwazi ukusebenza ngokukhululeka esebambisene nenkosi uShandu kanye nomphakathi jikelele. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.8 Kwaqhamuka uDlamini wamthethisela ukungayihloniphi inkosi ngokufaka izaziso engakhulumanga nayo.√√/UDlamini wasikhipha esinye sezaziso ezazifakwa nguMbandlwa ezigxotsheni wahamba naso.√√ (2)

4.9 Uyimbangalusizi.√/imelodrama√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Lo mdlalo uqala ngokungaboni ngaso linye phakathi kwenkosi uShandu nekhansela uDuma kugcine kukhona nabantu abashonayo.√/
- UDlamini washaya uMbandlwa unobhala wekhansela, waboshwa kwaba khona nabashonayo.√/
- Kushiswa umuzi wenduna uDlamini nomndeni wakhe okuyisehlakalo esesabisayo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.10 Izimpendulo zingaveza lokhu:
**Imveza njengomuntu onekhanda eliqinile/onenhliziyo embi/odelelayo/ ongakholelwa kolunye uhlobo lokubusa ngaphandle kolwamakhosi endabuko:** √
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Usabambele uDuma noMbandlwa amagqubu ngezinto akade bengazwani noma bengavumelani ngazo ngesikhathi sodlame lomzabalazo. √/
- Akafuni ukuthi inkosi inike uDuma ithuba lokukhuluma nayo ukuze achaze kahle lokho azobe eze ngakho.√/
- Ugqugquzela udlame endaweni ngokufaka uShandu umoya omubi wokuthi aqhubeke nokungezwani noDuma.√/
- Angenza noma yini ukuvikela isikhundla sakhe nesenkosi uShandu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

4.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wahlangana noMaNgema baxoxisana ngezindlela zokwakha uxolo endaweni. √√/
- Wancenga umyeni wakhe ukuba abuyisane nenkosi. √√/
- Ngesikhathi kufike unogada wenkosi ethunyiwe, nguyena uMaShezi owakwazi ukumphendula kahle. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.12 UShandu akakuthokozeli ukubiza uDuma ngoba: OKUBILI kwalokhu:
- UDuma uzobona ukuthi uShandu uyamncenga.√/
- UDuma uzobe esezikhukhumeza.√/
- UDuma uyedelela.√ (2)

4.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Isiqinisekiso esashiwo uMaNgema enkosini uShandu esokuthi:
- UMaShezi wayeselubuka ngamanye amehlo lolu daba lokubukela phansi inkosi/lokuthi kubalulekile ukuba uDuma athathise enkosini uma ezokwenza izinto.√√/
- Ukushayeka kukaMbandlwa kube nomthelela wokuthi uMaShezi aguqule indlela acabanga ngayo mayelana nesimo sodlame endaweni. √√ (2)

4.14 Angithi yilo ishoshozela lelo?√√ (2)

4.15 OKUKODWA kwalokhu:
- Iningi labantu bakule ndawo lalingafundile ngakho-ke lalingayiqondi intando yeningi.√√/
- Babengeke bakuvume ukuba sohlangothini lukaDuma ngoba wayengayihloniphi inkosi bona ababeyikhonze kakhulu futhi kuyiyona yodwa umholi abamaziyo. √√/
- UDuma nenkosi babevele benawo umlando wokungezwani. √√/
- UDuma wakhethwa idlanzana labantu okukhombisa ukuthi wayengeyena umholi owayethandwa abantu endaweni. √√/
- Abantu babecasulwa ukuthi uHulumeni uthathe izinqumo zokushintsha indlela yokubusa emakhaya engazange abazise noma ashaye umthetho ozovikela amakhosi. √√ (2)

4.16 Umbhali walo mdlalo usikhethe kahle isihloko√ ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Uqinisekisile ukuthi isaga esisebenze njengesihloko sigqamisa ukuthi abantu abenza izinto ezinkulu bayazifihla, bavamise ukubheka phansi kubonakale ngezenzo kuphela.√
- Abantu besifazane okuyibona akade benganakekile yibona abenze imizamo yokuletha ukuthula endaweni ngokuba bahlangane bese bexoxa ngokubaluleka kokubuyisana bengazi abayeni babo kanye nomphakathi.√/
- Ngelanga lomhlangano uMaNgema noMaShezi banconywa ngeqhaza labo emizamweni yabo yokuletha uxolo.√/ (2)

4.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Uxolo lwalungeke lube khona endaweni ngoba kwakunguyena ishoshozela. √/
- Umuzi kaDuma wawuzohlakazeka ngoba uMaShezi wayengase agcine engabuyelanga emzini wakhe. √/
- Abantu abaningi babezothutha kule ndawo, baye kulezo ezinoxolo. √/
- Kwakuzoshona abantu abaningi bese indawo ingabuseki. √/
- Intuthuko yayingeke ibe khona.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.18 Izimpendulo ziyokwehluka:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo
**Ngiyavumelana ngoba**:

- UDlamini noMbandlwa bangamashoshozela njengoba babexabanisa abantu emphakathini. √/
- Yibona ababengabaluleki abaholi babo ngeqiniso. √/
- Babengalufuni uxolo. √/
- Babethanda izikhundla ezizobagqamisa emphakathini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Angivumelani ngoba**:

- Kwakungebona bodwa oDlamini noMbandlwa abeshoshozela inkosi ukuba ingasebenzisani noDuma, namadoda endawo nawo ayengahambisani noDuma. √/
- Unkosikazi kaDuma naye ungomunye wabantu ababegqugquzela uDuma ukuba angayihloniphi inkosi. √/
- Umlando wezimpi endaweni nawo wawunomthelela ngokwawo ekuthini amagazi abantu ahlale efuna impi.√/
- Uhlobo lwepolitiki yangaleso sikhathi yayivele inokungqubuzana nombuso wamakhosi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 Okukodwa kwalokhu:
- Umshuwalense oyimali etholakala uma sekudlule umuntu othile emhlabeni.√/
- Umshuwalense wokufa kukaMbhele.√ (1)

5.2 Okukodwa kwalokhu:
- Kwakuzofika amaphoyisa azophenya ngendaba yokushona kukaMbhele.√/
- Wayengafuni ukuboshwa/kuvele iqiniso.√ (1)

5.3 Indaba yokulinda imali okwakufanele uSonto abakhokhele yona.√ (1)

5.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- USonto walandela umfundisi wesonto labo uZondo emva kokuba esethathe imali yomnikelo eyayibalelwa kwaMbhele wagoduka nayo.√/
- Wafika emzini womfundisi ebusuku engasabonwa muntu wabe esefuna imali ngenkani kuyena.√/
- Wabe esedubula umfundisi, wathatha imali emshiya ecabanga ukuthi ushonile.√/
- Wathenga izigebengu ukuba zibulale uMbhele ukuze kutholakale imali yomshuwalense ayezozikhokhela ngayo.√/
- Wazama Ukudayisa umuzi. √ (3)

5.5 B√/Ezobuza imibuzo.√ (1)

5.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayesebone izigebengu ezabulala inkosikazi yakhe zingena kwakhe yena engekho elunguze ngewindi kwaDlamini.√√/
- Wayengabuqondi ubudlelwane obabukhona phakathi kukaSonto noMthofi.√√/
- Kwase kunemoto eyase ihlezi imlandela uma eshayela emgwaqweni.√√/
- Ummeli wakhe uNtshangase wameluleka ngokuthi ayishintshe incwadi yefa ngoba impilo yakhe yayingaphephile.√√/
- Ukuze uSonto angayitholi imali yakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Kwenza ukuthi uMbhele abe nolwazi ngezinto ezazenzeka emzini wakhe engekho.√√/
- Kwenza ukuba uMbhele abone ukuthi akusafanele amethembe uSonto.√√/
- Kwenza ukuba azizwe evikelekile ngoba azi ukuthi unomakhelwane omkhonzile nomnakekelayo.√√/
- Kwenza ukuba uMbhele alahlekelwe yimpilo yakhe ngenxa yokuthi uDlamini weba imali eyayizosetshenziswa uSonto ukukhokhela uMthofi noToronto.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Isigameko esiwudweshu lwangaphandle kwaba ukufika kukaMthofi ezofuna imali yakhe. Wabe esekhomba uSonto ngesibhamu.√√/
- UMthofi wasongela uSonto ngokuthi uzombulala uma engayikhokhi imali yakhe.√√ (2)

5.9 Uyimbangalusizi.√/ imelodrama√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Lo mdlalo uqala uMthofi noToronto behlasela uSonto befuna imali yabo ayebathembise yona ngokubulala unkosikazi wokuqala kaMbhele. √/
- Umfundisi uhlaselwa nguSonto ezombamba inkunzi.√/
- USonto uhlela ukubulala uMbhele ukuze athole imali.√/
- UMthofi ugcina ebulele uMbhele.√/
- USonto ugcina ngokuboshwa.√/
- Ziningi izehlakalo ezenzeka kule ncwadi ezethusayo kumfundi njengokudutshulwa kukaMbhele. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.10 **Imveza njengomlingiswa ongenandaba nempilo yomuntu √/ ongenandaba nokuhlukumeza omunye umuntu √/othanda kakhulu imali/ ongenanembeza√/ ongenaluzwelo**.√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Izimpendulo zingaveza lokhu:**

- UMthofi useke wabulala uMaNtuli kanye noMbhele kodwa kulula kuyena ukuthi usazoqhubeka abulale uSonto uma ingenzeki into ayifunayo.√/
- UMthofi akakwesabi ukuboshwa ngoba kade esejele kodwa akacabangi ukuthi isenzo sakhe esibi singase simbuyisele khona futhi.√/
- UMthofi ufuna inkokhelo yemali bese esabisa uSonto ngoba imali kuyena ibalulekile ukudlula impilo yomuntu.√/
- Uyisigebengu esaziwayo nesesatshwayo endaweni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

5.11 Umqhathi kulo mdlalo isimo esithile ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuphuma kukaMthofi ejele kwenza ukuba inhlalo ingabe isaba mnandi emzini kaMbhele.√√/
- USonto uzama ukubulala umfundisi ngenxa yokufuna imali ukuze akhokhele uMthofi.√√/
- USonto ubuye ahlele ukuba baphinde oMthofi noToronto babulale uMbhele ukuze athole izizumbulu zemali.√√/
- Ukuthanda kakhulu imali kukaSonto.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA J

5.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMthofi wathi uzogcina evule ngomthofi uma uSonto engavuli.√/
- UMthofi ubiza uSonto ngodoti uma sebengqongqoze isikhathi eside engavuli.√/
- UMthofi ugcizelela ukuthi uSonto uzoyikhipha imali yabo ayibeke esandleni futhi kuzogcina bona. √/
- UMthofi uthi angasakaza ubuchopho ngenhlamvu uma ezama ukubabalekela. √/
- UMthofi uthi uSonto useqale lokhu kusa kwakhe. √ (2)

5.13 OKUKODWA kwalokhu:
- UMthofi wayesanda kukhuluma naye uSonto ocingweni.√√/
- Wathi kasikho isidingo sokuthi abaleke manje ngoba uthe imali uyitholile kummeli.√√ (2)

5.14 *Vader* le nkosikazi isikweleta imali enkulu kabi.√√ (2)

5.15 Umfundisi waphoqwa isimo ukuba ahambe nemali yomnikelo eyayibalelwa kwaMbhele ngoba: Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Baqeda ukubala imali yomnikelo ilanga selivele lishonile.√√/
- Amabhange awavulwa ngamasonto.√√/
- Ilunga lebandla elalisebenza ebhange okuyilona elalijwayele ukuyiphatha imali lalingasasebenzi ebhange eliseduzane.√√ (2)

5.16 Umbhali walo mdlalo usikhethe kahle isihloko√ ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Uqinisekisile ukuthi isihloko sigqamisa ukuthi umuntu uma enze icala ugcina ngokujeza noma ngabe sekudlule isikhathi eside kangakanani alenza.√
- USonto uhlela ukubulawa kukaMaNtuli noMbhele edudene nezigebengu kodwa ugcina ebanjiwe bese eyaboshwa.√/
- UToronto benoMthofi bayaboshwa ngala macala emva kobufakazi obuqinisekisa ukuthi bawenza.√/
- UToronto noMthofi bagcina sebewavuma la macala ngoba ingasekho indlela yokuphunyuka.√/
- USonto ugcina eseboshelwe necala lokubulala umfundisi ayekade ecabanga ukuthi ngeke buphinde butholakale ubufakazi obumhlanganisa nalo.√ (2)

5.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ukuba uNhleko wayengekho kulo mdlalo ngabe umdlalo waphetha kabi ngoba ...
- Izigebengu zazingeke zibanjwe.√/
- OMthofi noToronto babeyoqhubeka nokufuna imali kuSonto noma ngabe wayesebanikile.√/
- Impilo kaZinhle yayiyohlala isengozini ngenxa yezigebengu ezazizohlezi zibalandela.√/
- Isiphetho salo mdlalo besingeke sibe nesifundo esihle kubafundi ngoba bekuzobonakala sengathi abenzi bobubi bayaphumelela.√/
- Iqiniso ngobunjalo bukaSonto laliyogcina lingavelanga.√/
- Bekuzoba khona ukuphambana phakathi kwesihloko kanye nesiphetho sendaba.√/
- USonto ngabe waphumelela ukweqa ebalekela uMthofi.√ (2)

5.18 Izimpendulo ziyokwehluka

**Ngiyavumelana ngoba:** AMATHATHU kwalandelayo:
- UZinhle wayesemncane kakhulu ukuthi wayengaqonda kahle lezi zinkinga unina eyesengene kuzo.√/
- Ukwazi kwakhe ngalolu daba kwakungeke kumsize ngalutho uZinhle kodwa lwaluzombangela inhliziyo ebuhlungu.√/
- Kwakuzokwenza ukuthi abe nokuzenyeza uma esenolwazi lokuthi unina uyisigebengu.√/
- Wayezomzonda unina ukuthi uhamba nabantu abangalungile futhi akasona isibonelo esihle kuyena.√/
- Wayeyohlala esaba ngoba ebona bengaphephile. Lokhu kwakungamphazamisa ezifundweni zakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Angivumelani ngoba:** AMATHATHU kwalandelayo:
- Kubalulekile ukuba umzali akhulume iqiniso enganeni yakhe ukuze yazi lokho okwenzeka ekhaya.√/
- UZinhle wayezokwazi ukuhlala eqaphile ngaso sonke isikhathi ngisho noma esesikoleni.√/
- Kwakungenzeka ukuba uZinhle akhethe ukuyohlala kwagogo wakhe noma kwenye indawo lapho ezozizwa khona ephephile.√/
- UZinhle wayezozwelana nonina ngesimo ababebhekene naso mhlawumbe aze naye akwazi ukumsiza.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**[35]**

## UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

## ISIQESHANA K

6.1 Uphuma kwaZungu√/Emzini.√ (1)

6.2 Bafuna ukuthi uThenjiwe angenwe uDumisani ngenkani.√ (1)

6.3 Washonelwa ngumyeni wakhe.√/ Washonelwa ngumngani wakhe. √ (1)

6.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Wabatshela abakwaZungu ukuthi akahambisani naleli siko lokungenwa. √/
- Wabatshela ukuthi ufuna ukuphindela kubo ayoqala impilo kabusha. √/
- Wacela uNondumiso ukuthi ayomkhulumela nabakwaZungu ukuthi bamdedele aphindele kubo√/
- Wahamba kwaZungu ngaphandle kwemvume yabo.√/
- Watshela ubaba wakhe ukuthi akasazimisele ngokuphindela emzini. √/
- Wayengasamhloniphi uMaMbatha ngoba wayengafuni ukumdedela ukuba aphindele kubo. √/
- Wazama ukubulala uDumisani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

6.5 D√/Uyamonisa.√ (1)

6.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayefuna ukumtshela ukuthi akaphathekile kahle ejele.√√/
- Wayemncenga ukuthi akavume ukungenwa nguDumisani. √√/
- Wamtshela nokuthi amcelele uxolo kuDumisani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwenza ukuthi isimo senhlalo kwaZungu singabi sihle. √√/
- Kwenza ukuthi uThenjiwe amzonde uDumisani waze wazama ukumbulala ngokumdlisa ushevu.√√/
- UThenjiwe wasezibona ehlukumezekile futhi ecindezelwa ngaleli siko lokungena. √√. (2)

6.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USipho wacasulwa ukuthi uDumisani wabamba uThenjiwe ngenkani. √√/
- USipho noDumisani baphikisana ngamazwi bagcina sebelwa. √√/
- USipho wakhipha ummese wagwaza uDumisani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.9 Uyimbangalusizi.√/ imelodrama√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Lo mdlalo uqala uThenjiwe ephatheke kabi ngoba eshonelwe ngumyeni wakhe ngenxa yodlame.√/
- AbakwaZungu baphoqelela uThenjiwe ukuthi avume ukungenwa nguDumisani.√/
- USipho wagwaza uDumisani wayeseyaboshwa.√/
- UThenjiwe udlisa uDumisani ushevu.√/
- USipho ushonela ejele.√/
- Kukhona izehlakalo ezethusayo endabeni. √ (2)

6.10 **Imveza njengomlingiswa odelelayo√/osephelelwe yinhlonipho.** √
Izimpendulo zingaveza lokhu:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ubiza umamezala wakhe ngokuthi lowo.√/
- Izindaba zasemzini uzikhuluma nabantu bangaphandle.√/
- Le nkulumo yakhe ivezela ngisho uMaNzuza ukuthi uMaMbatha ungumuntu ongalungile.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

6.11 UNondumiso ungumlamuli kule ndaba ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wahlangana nabakwaZungu baxoxisana ngokuthi kumele uThenjiwe anikezwe ilungelo lokuzikhethela ayezokwenza njengoba ayeseshonelwe ngumyeni wakhe.√√/
- Wabonisana nobaba wakhe uMondise ukuthi akahambe ayokhulumisana nabasemzini.√√/
- Emva kokuba uThenjiwe esezame ukudlisa uDumisani ushevu, uNondumiso wamncenga uThenjiwe ukuba ehlise umoya avumelane nesiko ukuze kube khona uxolo. √√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA L

6.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThenjiwe wayengafuni ukukhuluma.√/
- Wayevele avuke inja ebomvu.√/
- Wayeseke wazihambela bangamazi nokuthi ushonephi.√ (2)

6.13 Waqinisekisa ngokuthi wayezomgada umfana wakhe angadlali ngengane.√√ (2)

6.14 OKUKODWA kwalokhu:
- UDumisani umuntu ophilayo. √√/
- Indoda emadodeni.√√ (2)

6.15 Waphoqwa yisimo ngoba: Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abasemzini babemesabisa ngokuthi uma engalivumi isiko lokungenwa bazombophisa ngecala lokuzama ukubulala uDumisani ngoshevu.√√/
- Wayegwema ukufaka uyise enkingeni yokubuyisela ilobolo emuva.√√/
- USipho wabhala incwadi emncenga ukuba avume ukungenwa nguDumisani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.16 Umbhali walo mdlalo usikhethe kahle isihloko√ ngoba: Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ugqamisa ukuphikisana phakathi kwesiko nelungelo
- UThenjiwe ongumfelokazi uphoqwa ukuba angenwe nguDumisani.√/
- Akanikwa ithuba lokuba asebenzise ilungelo lakhe lokuzikhethela.√/
- Ucindezelwa abantu ngesiko angachazelwanga ngalo mhla eshada. √/
- Bayamhlukumeza ngokomoya.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThenjiwe wayengeke aba nengcindezi yokuthi kumele angenwe.√/
- USipho wayengeke amgwaze uDumisani, aboshwe aze afele ejele. √/
- AbakwaZungu nabakwaMondise babengeke babe nokungezwani. √/
- UThenjiwe kwakungenzeka agcine eshade noSipho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.18 Imibono iyokwehluka

**Abavumayo:**
- UThenjiwe wayesehlanganiswe namadlozi akwaZungu ngokomthetho nangokwesiko ngakho-ke lobu buhlobo babungeke buvele buqedwe kalula nje.√/
- Uma esephindela emuva uThenjiwe abakwaZungu kwakumele balande okungokwabo ababekukhiphele ukwakha ubuhlobo. √/
- UThenjiwe owazithathela lesi sinqumo ngakho-ke kwakuyomele abhekane nemiphumela yesinqumo sakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Abaphikayo:**

- Ukushona kukaSikhumbuzo kwakungelona iphutha likaThenjiwe noma abazali bakhe. √/
- Ayikho into ayesazoyihlalela kwaZungu engasekho uSikhumbuzo owayemlobolile. √/
- Ukulobola akufani nokuthenga impahla esitolo lapho ukulanda imali yakho uma ungenelisekile ngayo kuyinto elula nje. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

## UMBUZO 7

7.1 **'UMUNWE' – Scelo Zimema**

### ISIQESHANA M

7.1.1 Amasoka ayebulawa yizishimane ezinesikhwele.√ (1)

7.1.2
- Bangabantu abazinakekelayo kakhulu. √
- Yibona abazi kangcono kunathi mayelana nobungozi bezifo kanye nokuvikelwa kwazo. √ (2)

7.1.3 I-Edendale. √ (1)

7.1.4 Yisifo i-Aids√/ingculaza√ (1)

7.1.5 Ingangibheki ngisho ukungibheka.√√/Athe angahlangana yawabalekisa.√√ (2)

7.1.6 A√/Baningi abantu abafayo√ (1)

7.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umxoxi uthi ukuba nezintombi eziningi endaweni osebenza kuyo kudala izinkulumo eziningi nezingxabano ezingapheli.√/
- Uzokwehlelwa yisithunzi ngenxa yokubangwa yizintombi. √/
- Igama lakhe lingahuduleka phansi. √/
- Kungamlethela amakhulu amahloni. √ (2)

7.1.8 Wayefuna ukuzidlalela ngaye ngoba wayevele eshadile√√/Wayefuna ukuzichithela isizungu ngaye.√√ (2)

7.1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayekhumula indandatho yakhe uma esesukile emehlweni kaThandi. √/
- Wayeshela izintombi yize enonkosikazi. √/
- Wayefuna ukuziveza njengomuntu othembekile kubantu asebenza nabo. √ (2)

7.1.10
- Umbhali uhlose ukusivezela ukuthi abanye abantu uma bengekho phambi kwamakhosikazi abo abakwenzi ukwethembeka. √/
- Uhlose ukusivezela ukuthi basekhona abantu besifazane abanesimilo esihle. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.1.11 Yebo, le ndaba yenzeka ngosuku olulodwa/isikhathi esifushane. √√ (2)

**KANYE**

7.2 **'UNOZIMOTO' – NAP Khumalo**

**ISIQESHANA N**

7.2.1 Yingoba ushadile.√/Yingoba uyinkosikazi yomuntu. √/ Yingoba kukhona ayekusola okungubugebengu kulaba bantu ababemgibelise imoto. √ (1)

7.2.2 Wayefuna ukuchitha isizungu.√/ Wayefuna ukushaywa ngumoya. √ (1)

7.2.3 Okubili kwalokhu:
- Yafika imoto yama qede uJoe wacela uSam ukuba aphume ayokhuluma noBra Stan wase yena esala noKaMaseko emotweni.√/
- Basala bexoxa, bencokola bobabili oJoe noKaMaseko emotweni.√/
- USam wathatha isikhathi eside kakhulu, waze waphatheka kabi uKaMaseko esefisa nokumisa ezinye izimoto ukuba zazikhona. √/
- Ekubuyeni kwakhe uSam wathi akamtholanga uBra Stan base beqhubeka nohambo. √ (2)

7.2.4 Yilapho uNtokozo encengwa khona uyise nomukhwe wakhe uMaseko esibhedlela ukuba axolele umkakhe emveni kokuba egibele imoto angayazi kanti ugibela imoto yezigebengu. Kwala noma sebencenga ngezindlela eziningi bechaza nombono kadokotela emveni kokumhlola nenhlawulo yenkomo eyase yenziwe kepha wabe elokhu emile esinqumweni sakhe. Kuphela nje wathi, kuyezwakala okungacacisi kahle ukuthi uyamxolela. √√ (2)

7.2.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo kepha ahlelwe ngendlela enokuxhumana:
- UJoe wabuza uKaMaseko ukuthi uzowukhokha ngani uphethilolo wakhe asemzulise ngawo kangaka. √/
- UKaMaseko uthi kungani engakushongo lokho ekuqaleni kepha-ke wathi kulungile angamnika imali yokuya nokubuya edolobheni hhayi lena yokuhamba izindlela zabo. √/
- Wayenqaba imali uJoe, wamehlisa emotweni, wamphoqa ukuba angene endlini. √/
- Wazikhalela uKaMaseko wabalisa ngezingane zakhe azofa azishiye kepha akangamzwela kulokho uJoe, waqhubeka nokumphoqa ukuba angene endlini. √ (2)

7.2.6 Indaba yenzeka esikhathini samanje√ ngoba: OKUKODWA kwalokhu:
- Sekuhanjwa ngezimoto. √/
- Sekukhona amadolobha. √/
- UKaMaseko ugqoke ingubo yesimanje. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.7 Sihle ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Siqoqekile, sifushane ngokwanele.√/
- Siyamthola umlingiswa osemqoka esingenisweni onguKaMaseko.√/
- Udweshu lwangaphakathi luyasuka esingenisweni okuyimicabango ngendlela angachitha ngayo isizungu uKaMaseko njengoba esala yedwa ekhaya imini yonke ngesikhathi izingane zisesikoleni nomyeni wakhe uNtokozo esemsebenzini.√/
- Siyayithola inkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu uKaMaseko. Uzosichitha kanjani isizungu esimkhungatha imini yonke ngesikhathi esele yedwa ekhaya. √/ (3)

7.2.8 Izimpendulo ziyokwehluka: Okukodwa kwalokhu ngohlangothi ngalunye:
**Yebo kwakuyinto enhle ngoba:**
- Wayekhombisa ukumthanda kakhulu umkakhe ngakho-ke wayengafuni abonwe ngabanye abantu ubuhle bakhe uma engekho. √√/
- Kwakuyindlela yokumhlenga ukuba angahehi abantu abanye besilisa uma ehamba yedwa. √√

**NOMA**

**Cha kwakungeyona into enhle ngoba:**
- Lokhu kwakumphilisa ngobugqili uKaMaseko, angakwazi ukwenza into ayithandayo. √√/
- Kwakukhombisa ukungasethembi isimilo somkakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

7.2.9 Imibono iyokwehluka.
**Yebo ngiyazwelana ngoba: Okukodwa kwalokhu:**
- Isimo esinjengalesi singehlela noma ngubani, naye wayengeke agibele kule moto ukuba wayazi ukuthi eyezigebengu. √√/
- UNtokozo naye akamsulwa ekuthini umkakhe agcine esezithela ezigebengwini. Ukuba wamlalela ngesikhathi ecela ukuba bayishiye indawo yasemakhaya bathuthele elokishini lapho ayezothokoza khona, kwakungeke kwenzeke lokhu. √√/
- Wayehlushwa ukungayejwayeli impilo yasemakhaya njengomuntu owayekhulele elokishini. √√

**NOMA**

**Cha angizwelani naye ngoba:**
- Umyeni wakhe uNtokozo wayemdonse ngendlebe ukuthi angalingi ahambe ekhaya uma kungekho muntu, yena wahamba ngenkani. √√/
- Wayehlushwa ukubukela phansi indawo yasemakhaya, yingakho-ke agcina esezifaka engozini yezigebengu. √√/
- Lalikhona ibhasi lomphakathi ayengaligibela kepha yena waliyeka ngenxa yokuzibona engcono kakhulu. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

## *AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

## UMBUZO 8

8.1 **'Ngingoweliba' – NL Luthuli**

8.1.1 Kusho ukushona/√ukudlula emhlabeni√/ukufa.√ (1)

8.1.2 Yingoba yilapho owadabuka khona.√ Yingoba ushonile√ (1)

8.1.3
- Nendodana kaSomandla √
- Pho mina bengingahlala kanjani √

(2)

8.1.4 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Imbongi ithi indodana kaNkulunkulu noma uJesu wafa nakuba emkhulu kunabantu nje abajwayelekile.√/
- Imbongi ithi indodana kaSomandla yakwazi ukuvuka ekufeni emva kwezinsuku ezintathu ngoba ayivumanga ukuthi ukufa kuyihlule.√/
- Imbongi iyagcizelela ukuthi njengoba yona ingumuntu wasemhlabeni nje, luzofika nakuyona usuku lokuba iwushiye lo mhlaba noma ife.√

(2)

8.1.5 Pho mina bengingahlala kanjani
Ngingabi ngoweliba na? √√/

**NOMA**

Nendodana kaSomandla
Yaba ngeyethuna. √√ (2)

8.1.6 Liqondiswe kuJesu Khrestu.√/eNdodaneni kaNkulunkulu√ ngoba:
OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Amakholwa akholwa ukuthi ukuze uJesu amukeleke kubantu kwakufanele abe nesimo somuntu. √/
- Kwakufanele ukuthi abe umuntu ojwayelekile azalwe umuntu ophilayo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.1.7 (a) **Ba**thi balahlekelwe,
**Ba**yosho baze bafakazelane.√√ (2)

(b) Ngiy**a**zi b**a**yokh**a**l**a** b**a**lile,√√/
B**a**yosho b**a**ze b**a**f**a**k**a**zel**a**ne.√ √
Kanye nomugqa we-16√√/, owe-18√√/, owe-19√√/ nowama-20√√. (2)

8.1.8 Imibono iyokwehluka.
- Le nkondlo inomoya wethemba√ ngoba:
Imbongi ikhombisa ukungakwesabi ukufa. Ithi vele nayo iyoba ngoweliba ngoba neNdodana kaSomandla nayo yaba ngoweliba. √//Ithi akukhathaleki ngisho bangakhala kangakanani kepha ngeke kuguquke ukuba ngoweliba uma iNdodana yoMuntu ingakabuyi. √

**NOMA**

- Le nkondlo inomoya wokulangazelela√ ngoba:
Imbongi ikhombisa ukufisa ukuya kule ndawo eyabonwa yindodana kaSomandla. Isho nokuthi umzimba wayo uyobuyela la owadabuka khona.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.1.9 Yebo. Lokhu kusitshela ukuthi iyabazi abantu esondelene nabo futhi inobudlelwano obuhle nabo. Ayibangabazi ukuthi bayikhonze kakhulu ngoba iyasho emgqeni we-15 kuya kowe-19 ukuthi:
OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Ngiyazi bayokhala balile, √/
- Bathi balahlekelwe, √/
- Bayosho baze bafakazelane. √/
- Ngent'eyodwa; √/
- Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami. √ (2)

**KANYE**

8.2 **Ungumzali Onjani? – TB Qwabe**

8.2.1 Yingoba lo mugqa uphindaphindwe kuzona zonke izitanza ekuqaleni kwazo. √√ (2)

8.2.2
- Udela igazi lakhe. √
- Ubophela izingane zakhe amanqina enyathi. √ (2)

8.2.3 Onhliziyo yakhe iyitshe.√√ (2)

8.2.4 Inzwa yokulalela.√√ (2)

8.2.5 Awafak' endleleni eyiyo,√√ (2)

8.2.6 Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
Ziwathole ekhuselekile. √√ (2)

8.2.7 Yebo iphumelele.
- Ohlal' anethezeke√/
- Kodwa ekhaya kudlang' usizi√/
- Izingane zibona ngokusa. √/
- Ashaye esingeqiwa ntwala.√ (3)

8.2.8 Ngiyavumelana ngoba: OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Imbongi ithi umzali uba nenhlanhla yokuphiwa izingane, agcine ezihlukumeza izingane zakhe ngokungazikhombisi uthando. √/
- Uzijabulela isikhathi esincane izingane bese egcina eziphatha ngesikhulu isihluku. √/
- Abazali abaningi ezikhathini zamanje bafuna ukuzijabulisa bese beshiya izingane emakhaya zinganakiwe. √/
- Abanye abazali babhekene nemisebenzi yabo ukuze bathuthuke kuyona bese kulahleka isikhathi semindeni nezingane zabo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha